

**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA
NOKUXHUMANA KOMPHAKATHI KWAZULU – NATAL, UMNUZ WILLIES
MCHUNU EMHLANGANWENI NEZINHLAKA ZOMPHAKATHI EZILWA
NOBUGEBENGU E-ICC, ETHEKWINI MHLAKA 15 AUGUST 2011.**

Mphathi wohlelo;
Ubuholi bamaphoyisa;
Abaholi bezinhlango ezilwa nobugebengu;
Abaholi bama-CPF;
Abasebenzi bemiNyango kaHulumeni;
Abezindaba;
Bafowethu nodadewethu.

Mangithathe leli thuba ngibonge ukuba nibe yingxenywe yalo mhlango noma siqonda ukuthi siwubize esikhathini esifushane. Ukuphelela kwenu lapha kukhombisa ukuthi nonke nizimisele ukuba sisebenze ngokubambisana ukulwa nobugebengu.

Ngesikhathi sethula isabelomali salo nyaka wezimali (2011/2012) eMnyangweni wezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi esakubeka ngukuthi lona ngunyaka womnyakazo wabantu wokulwa nobugebengu, esithi 'People's Action Against Crime'.

Lokhu sikusho ngoba sinenkolelo eqinile yokuthi ngeke sikwazi ukunqoba impi yobugebengu ngaphandle kokuba kusuke imiphakathi ibambe iqhaza kulo mshikashika.

Sikusho lokhu siqonda futhi ukuthi uhulumeni uma usebenza wodwa ngaphandle kokubambisana nemiphakathi ngeke wakwazi ukunqoba le mpi esibhekene nayo.

Siyakuqonda-ke ukuthi kukhona abanye emiphakathini yethu ngabodwana noma ngokwamaqembu abazihlele ngawo abasukumile bazihlela ukuze balwe nobugebengu. Lokhu sikushayela ihlombe ngoba ubugebengu yinto esithinta sonke.

Emasontweni ambalwa edlule lapha kwa-F eMlazi, uMnuz Mfaniseni Duma wadutshulwa wabulawa yisigebengu ngoba ezama ukulekelela ingane yentombazane kamakhelwane wakhe eyabe ibanjwa inkunzi.

Washiya ayekwenza uDuma ngoba ezwa ingane ikhala kanti akabuzanga elangeni ngoba kwase kungukuphela kwempilo yakhe lapho. Sabamba iqhaza singuHulumeni ekumphelezeleni ngoba kuthina isenzo sakhe sakhombisa obukhulu ubuqhawe.

Nginenkolelo nokho ethi ukube uDuma wabe engeyedwa ngabe akazange afe ngoba ayeyosukuma wonke amadoda endawo uma ezwa ingane ikhala kube khona umnyakazo awenzayo isigebengu singakwazi nokuphuma.

Ngakho-ke sithi ngenkathi sisincoma isenzo sikaDuma kodwa siyazibuza futhi ukuthi, mangaki amadoda asenesibindi njengaye, angadela izimpilo zawo evikela imiphakathi yawo?

Ngikhathazekile ngamadoda athi uma ezwa kukhalwa kwamakhelwane avele ngamafasitela athi angabona ukuthi konakele azivalele ezindlini. Sifisa ukuthi ande amaqhawe anjengoDuma emiphakathini yethu ukuze izigebengu zingabi nambobo yokuphefumula.

Nokho ukubona nina nilapha namuhla kunginika ithemba lokuthi asekhona amaqhawe azimisele ngokuvikela imiphakathi ezigebengwini. Ubukhona benu bunginika ithemba lokuthi basekhona abantu abakhathalele izwe lethu.

Ngibuyelwa nayithemba lokuthi basekhona omama nobaba, abafowethu nodadewethu abanesibindi.

Sikuqonda kahle ukuthi abanye benu basebenza ngaphansi kwengcindezi enkulu ngoba izigebengu esilwa nazo zihlome ziyizingovolo. Siyazi futhi ukuthi abanye benu bayavolontiya besiza umphakathi kodwa babhekane nenselelo yezinsiza kusebenza ezingekho.

Yingakho sithe namuhla akasihlanganise amakhanda ukuze sinazi bese siqonda kahle ngezindlela enisebenza ngazo. Lokhu kuzosisiza ukuthi sibe nendlela ehlelekile yokusebenza kwezinhlangano zomphakathi ezilwa nobugebengu esifundazweni sethu.

Ngaphezu kwalokhu, lokhu kuhlanguana kuzosinika ithuba lokuthi sibone ukuthi yikuphi esikwenzayo okuhle bese sibona ukuthi singabambelela kanjani kukhona.

Ezikhathini eziningi siye sifunde ngamalungu ezinhlangano zemiphakathi ezilwa nobugebengu kuthiwa aboshiwe ngoba abambe isigebengu aze asibulala.

Sifuna ngemuva kwalo mhlanguano izigameko ezifana nalezi zingabe zisaba khona kodwa sibe nendlela yokucobelelana ngokuthi sizibamba kanjani thina izigebengu njengomphakathi.

Kuye kube buhlungu uma ilungu lomphakathi seliboshwa ngoba liphule umthetho labulala umuntu kanti belibamba isigebengu.

Kumqoka ukuba siqonde ukuthi siphila ezweni elibuswa ngomthetho. Yingakho noma uthe uyasibamba isigebengu sashona icala liye libhekane nawe ngoba kuyicala ukukhipha umphefumulo womuntu.

Thina kuHulumeni asiphikisani nokuthi izigebengu azibanjwe kodwa kumele sicebisane ngamasu okuthi lokhu sizokwenza kanjani thina singumphakathi.

Kumanje kunamacala aphenywa ngamaphoyisa ngabanye benu kanti neminye imiphakathi ayeneme kwezinye izindawo ngendlela ezinye izinhlangano ezilwa nobugebengu ezenza ngayo.

Ukuhlangana kwethu kuzosinika ithuba lokubheka amasu okuzihlela ukuze ukusebenza kwenu kuhambisane nomthetho futhi kumqoka ukuba sifundise nemiphakathi ngokusebenza kwenu ukuze nawo ube nethemba kini.

Yingakho kusemqoka ukuba sizobonisana ngoba yinina enisekhaleni lalempi esibhekene nayo ngoba isemphakathini ngqo.

Okuhle ngani wukuthi njengoba nisuka kuyona imiphakathi maningi amathuba okwazi ukuthi ngobani abantu asebethanda ukuba wuhlupho endaweni futhi nisheshe nimbone nje umuntu uma eseqala imikhuba engajwayelekile endaweni.

Lapha sidinga ukuthi kube nokubambisana okukhulu phakathi kwethu njengamalungu emiphakathi alwa nobugebengu kanye namaphoyisa.

Lokhu ngikusho ngoba ngiyazi ukuthi ukuphumelela kwenu kulele ekutheni nibambisene kanjani namaphoyisa kanjalo nokwamaphoyisa kulele ekutheni abambisene kanjani nani kanye nemiphakathi jikelele.

Yingakho kusasa sibize ingqungquthela yesifundazwe ezobheka kabanzi ngenkinga yokubulawa kwamaphoyisa.

Sinenkolelo ethi kumele thina miphakathi siwavikele amaphoyisa ezigebengwini. Akumele kube yithina esithiphisa izigebengu kuqala uma kuza amaphoyisa ngoba nakho lokhu kubeka impilo yamaphoyisa engcupheni.

Nalabo abazicashisayo abahlukene nabantu abahlezi esihogweni besaphila.

UHulumeni uzimisele ukubambisana nani ukuze sibunqobe ubugebengu. Yingakho siqale uhlelo lokwakha umbimbi lokulwa nobugebengu olubizwa ngo-Operation Hlasela.

Lolu hlelo sihlose ngalo ukuvukuza wonke umuntu nazo zonke izinhlaka emiphakathini ukuze sonke sibambisane siinqobe ubugebengu.

Ngaphansi lwalo lolu hlelo lo Mnyango wezokuPhepha nokuXhumana koMphakathi usuqale uhlelo lokuhlela kabusha ukwakhiwa kwama-CPF.

Sesenze neziphakamiso zokuhlela kabusha uMnyango wethu ukuze uhambisane nemikhandlu yezifunda ukuze kube lula ukulwa nobugebengu emiphakathini lapho benzeka khona. Sikholwa wukuthi ukuze siinqobe ubugebengu kumele sigxile khona emiphakathini lapho benzeka khona.

Lokhu sikwenza ngoba isipiliyoni sethu sikhombisile ukuthi lezi zakhiwo azimile ngendlela efanele futhi kungumsebenzi wethu ukuzilungisa ukuze zisebenze ngendlela efanele.

Akumele i-CPF ibe yiqeqebana labantu abathize abazwanayo noma abasonta esontweni elilodwa kodwa kumele imelwe yiminxa ehlukene emiphakathini ukuze umsebenzi wenzeke ngendlela.

Uma bungaqina ubuhlobo phakathi kwenu, amaphoyisa, imiphakathi noHulumeni angiboni ukuthi kukhona isigebengu esiyohamba sikhululeke KwaZulu-Natal. Sidinga ukuqinisa umnyakazo wabantu ukuze siinqobe ubugebengu. Kumele siqinise umnyakazo wabantu ukuze siinqande ukubulawa kwamaphoyisa.

Ngiyabonga.